# KUGQUGQUZELWA ABAKHOKHINTELA UKUBA BAZILUNGISELELE NGENXA YESITELEKA SAMABHANGE ESIZAYO

**Pretoria, 23 kuMandulo 2019 -** Imboni yokubhanga isiveze ukuthi kungase kube nesiteleka ngoLwesihlanu mhla zingama-27 kuMandulo 2019.

Lesi siteleka esihlongozwayo singase sibe nomthelela kumathransekushini ahlobene nezinkokhelo zentela kanjalo nezimali ezikhokhwayo ezibuyela abakhokhintela.

UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika luqinisekisa ukuthi luzozama ukunciphisa umthelela walesi siteleka kulawa mathransekushini kubakhokhintela nakwa-SARS.

Ukuzama ukumelana nalesi simo , abakhokhintela bayakhuthazwa ukuba bathumele izinkokhelo zabo ezinsukwini ezimbili zokusebenza ngaphambi kwezinsuku ezijwayelekile zokukhokha kanjalo futhi noma kwenziwa amathransekushini entela angase aholele ekukhokhelweni kwabakwa-SARS.

Abakhokhintela abadinga usizo bangaxhumana ne-Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.